(CIB pdf formfields Demoversion)

unyaka wesabatha
uDutheronomi 15

Izincwadi ezinhlanu zokuqala ethestamenteni elidala, oGenesisi noEksodusi noNumeri noLevithikhu noDutheronomi, ezibizwa futhi ngokuthi yizincwadi zikaMosi, ziqukethe imithetho nemiyalo eminingi. Akuyiyo yonke nokho ephathelene noMosi:

Kwakuyaye kushaywe imithetho emisha, kubekwe nemibono emisha ngokuhamba kweminyaka nangokuguquka kwesimo emphakathini. Ukuze-ke nokho kucace ukuthi kusaqhutshwa ngenkambo kaMosi, nalena emisha yayivele-nje ibizwe ngaye. Esinye sezibonelo ezaziwayo ùkumiswa konyaka wesabatha:

Ekusungulweni kwalo leli siko lonyaka wesabatha kwakuthiwe amasimu awophunyuzwa njalo onyakeni wesikhombisa, angalinywa - okuyisikhombiso sokuthi umniniwo nguSmakade.

Kuhambé kwahamba, kwabonakala ukuthi kufanele lishintshwe leli siko, kungabi ngamasimu-nje kuphela aphunyuzwayo onyakeni wesikhombisa, kodwa kubhekwe umnikelo kwabanengcebo – unyaka wesabatha ube yithuba labo bonke abanotho lokudumisa ngalo iNkosi.

Onyakeni wesikhombisa niyogubha uhlelo lonyaka wesabatha, niqhube kanje:

Oweboleké owesizwe sakubo imali, angabe esayibiza; asale esevele emupha-nje, ingani phela ngowakwabo. Izwe lonke nonyaka ngeleNkosi yodwa-nje; (yingakho-ke abantu bayo bengakweledani lutho, bethethelelana konke). Kowezizwe-ke nokho ningayibiza imali anikweleta yona; kowesizwe sakini kodwa-ke ningayibizi, nisesule isikweletu.

Uma-ke ezweni iNkosi eyoninika lona kukhona owesizwe sakini ohluphekayo, ningamfulatheli, nimncintshe eninakho engowakwenu. Mpheni ngenhliziyo enhle akudingayo ekuhluphekeni kwakhe. Memukeleni ngomusa, angazishayi ngendlebe etsheni uma ecela kini ngoba mhlawumbe nidlinza nithi: `Unyaka wesikhombisa ususondele; sezizocinywa zonke izikweletu!´ Uma esee ezikhalela kuNkulunkulu ngalokho, siyoba nzima isijeziso eniyosethweswa. Mnikeni akudingayo, ningadikibali. INkosi, uNkulunkulu wenu, iyochumisa konke enikwenzayo ngenxa yalokho. Abahluphekayo bayobe belokhu babakhona njalo nje emhlabeni; ngakho-ke ngiyaniyala, ngithi: Xhasani abahluphekayo nabesweleyo esizweni sakini!

(CIB pdf formfields Demoversion)

Uma omunye wesizwe sakini ezithengisa kuwe njengesigqili, mgqilaze nje iminyaka ibe yisithupha kuphela bese umdedela ngowesikhombisa. Nalapho-ke futhi angahambi-nje engenalutho; mhlomulele kokunakho, okuphiwé yiNkosi uNkulunkulu wakho: izimvu, ukolweni newayini – uqembule nje ungagodli. Ukhumbule ukuthi naniyizigqili nonke kwelaseGibhithe, yanikhulula iNkosi, uNkulunkulu wakho. Yingakho ngininika lomyalelo namuhla.

Uma kwenzeka ukuthi isigqili noma isigqilikazi sikunxusa sithi singadedelwa kodwa siqhubeke size siphelele kwakho ngenxa yokuthi sikuthandile wena nomuzi wakho, thatha usungulo usibeke uphawu ngokusichumbuza endlebeni, siqamele esicabheni somnyango. Sekungesakwakho-ke unomphelo.

Ungaphatheki kabi uma kubhekeké ukuthi udedele isigqili. Besiqonula, sikusebenzela mahhala iminyaka eyisithupha; wonga yonke le mali obé kungabe ubuyiholela isisebenzi. INkosi, uNkulunkulu wakho, iyokuklomela ngalokho.

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -